


NguMongameli uHenry B. Eyring

UMeluleki wokuQala kubuMongameli BokuQala



Ukuba ngabaFundi Beqiniso

Kuyo yonke imihlangano yesidlo esingcwele, sine-
lungelo lokuthembisa uBaba oseZulwini ukuthi
siyohlezi sikhumbula uMsindisi futhi sigcine
imiyalelo Yakhe ukuze umoya Wakhe ube kanye nathi
(bona uMoroni 4:3; 5:2; iMf&V 20:77, 79). Ukumkhubula
kuzozifikela kalula kithina uma nje sicela ngegama lakhe.
Sikwenza ngezindlela eziningi ikakhulukazi uma sisiza
abanye egameni Lakhe, sifunda amazwi Akhe ayingcwele,
futhi sithandaze ukuthi sazi ukuthi Yena ufuna senzeni.

Kwenzeka kimi ngesikhathi ngibhabhadisa umfana
osemusha. Ngangazi ukuthi ngibizwe izinceku zomSindisi
ezigcotshiwe njengesisebenzi esingumfundisi wevangeli,
ukuba ngifundise ivangeli Lakhe, futhi ngithule ubufakazi
Ngaye kanye nebandla Lakhe leqiniso. Umngani wami
ongumfundisi wevangeli kanye nami sathembisa lomfana
osemusha ukuthi uyohlanzeka ngamandla enhlawulo
kaJesu Kristu uma ephenduka ngokukholelwa kuM-
sindisi wase ebhabhadiswa ilunga elilodwa lezinceku
eligunyaziwe.

Ngenkathi ngikhipha lomfana osemusha emanzini
ombhabhadiso, wangihlebelala endlebeni wathi, “Ngihlan-
zekile, ngihlanzekile.” Ngalowomzuzu, ngakhumbula
umbhabhadiso womSindisi ebhabhadiswa nguJohane
umbhabhadisi emfuleni iJodani. Nangaphezu kwalokho,
ngakhumbula ukuthi ngangenza umsebenzi wokusindisa
kaMsindisi ovukile nophilayo — okwakukhona uMoya
oNgcwele, njengoba kwenzeka nakuJohane.

Kimi futhi nakithi sonke, ukukhumbula uMsindi-
si kungaba ngaphezu kokwethembela enkumbulweni
yolwazi lwethu kanye nesipilioni sethu Naye. Singathatha
izinqumo nsuku zonke ezisisondeza eduzan Naye esikha-
thini samanje.

Isinqumo esilula kungaba ukufunda imibhalo engcwele.
Ngokwenza lokhu, singathola imizwa yokuba seduzane
Naye. Kimina, ukusondelana naye kuvame ukuza uma
ngifunda iNcwadi kaMormoni. Emizuzwini yokuqala
ngifunda amakhasi ka 2 Nefi, ngiyawezwa amazwi kaNefi
noLehi emqondweni wami bechaza uMsindisi engathi
bamazi mathupha. Imizwa yokusondelana naye ivele ize.

Kuwena, kungaba khona ezinye izindawo emiBha-
lweni eNgcwele kakhulukazi ezikusondeza kuye. Kodwa
noma yikuphi nanoma inini lapho ofunda khona imibhalo
kaNkulunkulu, ngokuzithoba kanye nangenhloso yange-
mpela yokukhumbula uMsindisi, uyakukhuphula isifiso
sakho sokuthatha igama lakhe ulisebenzise empilweni
yakho yansuku zonke.

Leso sifiso sizoshintsha indlela okhonza ngayo eBandle-
ni leNkosi. Uyothandaza kuBaba oseZulwini ukuthi akusi-
ze ukhulise ngisho lokho okubukeka sengathi kuwubizo
olungathi shu. Usizo oyolucela elokuba nekhono lokuzi-
khohlwa wena ugxile kakhulu kulokho uMsindisi afuna
ukwenze kulabo obizwe ukubasebenzela.

Sengike ngasizwa isandla Sakhe kanye nokuba sedu-
ze kwakhe ekukhonzeni kwami nabantwana bethu uma

ngikhulekela ukwazi ukuthi ngibasize kanjani ukuthola ukuthula lokhu okulethwa yivangeli kuphela. Ezikhathini ezinjena, ngangengenandaba ngokubonwa njengomzali ophumelelayo, kodwa nganginendaba kakhulu ngokuphumelela kanye nokuba kahle kwabantwana bami.

Isifiso sokunika labo esibasebenzelayo lokhu uMsindisi engabanika kona kuholela emikhulekweni *enxusayo* kuBaba oseZulwini, ngeqiniso egameni likaJesu Kristu. Uma sikhuleka ngaleyondlela—ngegama loMsindisi, ngokukholelwa kuye—uBaba uyaphendula. Usilethela uMoya oNgcwele ukuba usihole, usiduduze, futhi usikhuthaze. Njengoba uMoya uhlezi usifakazela ngoMsindisi (bona 3 Nefi 11:32, 36; 28:11; Etere 12:41), amandla ethu okuthanda iNkosi ngezinhliziyi zethu zonke, umqondo, kanye namandla kuyanyuka (bona uMarku 12:30; uLuka 10:27; iMf&V 59:5).

Izibusiso zansuku zonke nezasesikhathini samanje zokukhumbula zizofika kancane kancane uma simkhonza, sifunda umbhalo Wakhe ngokudlinza, futhi sikhuleka ngokukholwa egameni Lakhe. Lenkumbulo izosiguqula ukuthi sibe abafundi beqiniso beNkosi uJesu Kristu embusweni Wakhe khona lapha kulomhlaba—bese ekuhambeni kwesikhathi kanye noBaba Wakhe emhlabeni okhazimulayo ozayo.

IMFUNDISO EVELA KULOMYALEZO

UMongameli u-Eyring useluleka ukuba sikhumbule uMsindisi nsukuzonke ngokuba sikhethe izinqumo zokusondela kuYe. Nalabo obafundisayo, ungase ufunde imkhuleko yomhlangano wesidlo esingcwele, okuyiwo ochaza isivumelwano sokuhlezi simkhumbula (bona uMoroni 4:3; 5:2; iMf&V 20:77, 79). Cabanga ukumema labo obafundisayo ukuthi babhale izinto abangazenza usuku nosuku ukukhumbula uMsindisi. Ungase ucabange ukubamema ukuthi bakhulekele impumelelo yomunye nomunye kanye nempilo ekahle kuBaba oseZulwini. Cabanga ukubakhulekela ngendlela efanayo.

INTSHA

Ukukhumbula iNkosi Nsuku Zonke

Abangani, umsebenzi wasendlini, umsebenzi wasekhaya, umabonakude—ziningi izinto ezifuna ukuthi sizinake. Kodwa lonke isonto, sithembisa uBaba oseZulwini “ukuthi sizohlezi sikhumbula [Indodana Yakhe, uJesu Kristu]” (iMf&V 20:79).

Umongameli u-Eyring uthi “singakwazi ukwenza izinqumo nsuku zonke” ezisisizayo ukuthi sikhumbule uMsindisi. Cabanga ukwenza umgomo kulenyanga ukukhumbula uMsindisi kakhulu usuku nosuku. Ungeza ikhalenda uzibophezele ukwenza into eyodwa njalo ngosuku ukwakha ubuhlobo bakho kanye Naye. UMongameli u-Eyring ubhala izinto ezifana nokufunda imibhalo engcwele, ukukhuleka ngokukholwa, kanye nokusebenzela uMsindisi nabanye. Kukhona ukubhala encwadini yakho yokuloba izigigaba zosuku, ukuya esontweni, ukulalela umhlangano omkhulu, ukuya ethempelini, ukucula isihlabelelo—uhlu luyaqhubeka! Uma sikhumbula uMsindisi njalo, uMongameli u-Eyring uyethembisa ukuthi “izibusiso. . . zizoza kancane kancane. . . [futhi] zizosiguqula ukuze sibe abafundi beqiniso beNkosi uJesu Kristu.”

ABANTWANA

Uthando Oluningi

Uma sifunda imibhalo engcwele noma sikhuleka, siyezwa ukuthi uBaba oseZulwini noJesu Kristu basithanda kangakanani. Dweba umfanekiso wezinhliziyi ezincane phakathi kwenhliziyi enkulu. Faka umbala kumfanekiso wenhliziyi eyodwa uma ukhuleka noma ufunda imibhalo engcwele. Yini enye ongayenza ukuzizwa useduzane noBaba oseZulwini nakuJesu?



Ukholo Umndeni
Inkululeko

Ukusonga Ngothando Labo Abaphambukile

Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho. Ukwazi ngenhloso yeNhlango Yabesimame Yenkululeko kuwalungiselela kanjani amadodakazi kaNkulunkulu ukuba athole izibusiso zempilo engunaphakade?

“Empeleni ayikho imindeni eqotho kahle hle. . .,” kwasho uMongameli uDieter F. Uchtdorf, uMeluleki wesiBili kubuMongameli bokuQala. “Noma ngabe yiziphi izinkinga umndeni wakho obhekene nazo, noma ngabe yini ongayenza ukuzixazulula, isiqalo nesiphetho sokuzixazulula isihe, esiwuthando olumsulwa lukaKristu.”¹

Kulabo abangalibambi iqhaza ngokuphelele evangelini, uLinda K. Burton, owangaphambilini uMongameli omkhulu weNhlango Yabesimame Yenkululeko wathi: “UBaba oseZulwini ubathanda bonke abantwana bakhe. . . Noma ngabe bakuphi—endleleni noma baphambukile—ufuna babuye ekhaya.”²

“Kodwa ke noma ngabe ingane yakho iyihlongandlebe, uma ukhuluma nayo, ungakhulumi uthukuthethele, noma ucasukile, ngomoya wokujezisa,” kwafundisa uMongameli uJoseph F. Smith (1838–1918). “Khuluma nabo ngesihle.”³

Igosa uBrent H. Nielson wabangamaShumi ayisiKhombisa

waphindisisa imiyalelo yoMsindisi kulabo ababenezingcezu eziyi-10 zesiliva bese belahlekelwa eyodwa: “Icinge uze uyithole. Uma lena elahlekile kuyindodana noma indodakazi, umfowenu noma udadewenu, . . . emva kwakho konke ongakwenzana, muthande loyo muntu ngenhliziyi yakho yonke. . . .

“Engathi mina nawe singathola isambulo sokwazi kangcono ukuthi singenza kanjani ukusondela kulabo abalahlekile ezimpilweni zethu, uma kudingeka, sibe nesineke nothando lukaBaba oseZulwini kanye neNdodana Yakhe, uJesu Kristu, njengoba thina sithanda, sibuka, futhi siyilinda indodana yolahleko.”⁴

UMongameli Henry B. Eyring, uMeluleki Wokuqala kubuMongameli Bokuqala, wathi: “Sengikhuleke ngokukholwa ukuthi umuntu engimuthandayo uzowacinga futhi awezwe amandla eNhlawulo. Ngikhulekile ngokukholwa ukuthi abantu abayingelosi bazofika bazosiza, nangempela bafika.

“UNkulunkulu usungule izindlela zokusindisa izingane Zakhe ngayinye.”⁵

Imibhalo eNgcwele kanye nolwazi olwengeziwe

uMathewu 18:12; uAlima 31:35; 3 Nepi 13:32; iMf&V 121:41–42
reliefsociety.lds.org

IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LE MFUNDISO

1. Dieter F. Uchtdorf, “Ukubonga labo abandinisayo,” *iLiyahona*, uMeyi 2016, 79, 80.
2. uLinda K. Burton, kuSarah Jane Weaver, “Udade uBurton, udade uWixom bavakashela iBandla endaweni yasePacific,” *Izindaba zeBandla*, Apr. 2, 2013, lds.org/church/news.
3. Bona *Izifundiso ZaboMongameli beBandla: Joseph F. Smith* (1998), 254.
4. Dieter F. Uchtdorf, “Ukulinda ingane yolahleko,” *iLiyahona*, uMeyi 2015, 103.
5. UHenry B. Eyring, “Abazukulu Bami,” *iLiyahona*, uNov. 2013, 71

Cabanga Ngalokhu

Singaqhubeka kanjani ukutshengisa isihe kulabo abangafuni ukuphila imigomo yevangeli?